education

Department:
Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

IBANGA LE-12

ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA (HL)

IPHEPHA LOKUQALA (P1)

FEBRUWARI/MASHI 2010

AMAMAKI: 70

ISIKHATHI: amahora ama-2

Leli phepha linamakhasi ayi-9.

IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

1. Leli phepha lehlukaniswe iziqephu EZINTATHU:

   ISIQEPHU A: Isivivinyo sokuqondisisa (30)
   ISIQEPHU B: Ukufingqa (10)
   ISIQEPHU C: Uhlelo nokusetshenziswa kolimi (30)

2. Abahlolwayo mabafundisise yonke imiyalelo ngaphambi kokuba baphendule imibuzo.

3. Abahlolwayo mabaphendule yonke imibuzo ekuleli phepha.

4. Abahlolwayo mabaqalise isiqephu ngasinye ekhasini elisha bese bedwebela umugqa emva kwaleso siqephu.

5. Abahlolwayo mababhale izinombolo zezimpendulo njengoba zibhalwe embuzweni.

6. Abahlolwayo mabashiye umugqa emva kombuzo ngamunye.

7. Abahlolwayo mababhale ngobunono nangesandla esifundekayo.

8. **QAPHELA:** Abahlolwayo mabaqaphele upelomagama kanye nokwakheka kwemisho.

ISIQEPHU A: ISIVIVINGO SOKUQONDISISA

UMBUZO 1

1.1 Fundisisa lesi siqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

USicelo wayekhona mhla uThuthuka efunga ukuthi uMarion uzoba ngowakhe baze bahlukaniswe ukufa. Wayemenywe wuye uThuthuka ngenxa yokuthi wayengomunye walaba ayebazi. Wafika nentombi yakhe uBonisiwe owayehlala khona eSoshanguve kwa-AA. Wayengazanga ngoba emenyiwe kuphela, wayefuna ukubona ukuthi kwenzekani emshadweni njengoba naye wasezilungiselela ukuthatha. Inkinga kaSicelo kwakuyimali yezindleko zomshado ngoba ngalowo nyaka wayesafunda, eqhubeka nezifundo zakhe zokugcina ekolishi lokuqeqesha othisha khona eSoshanguve. Unina, wayengafundile, wayesebenza ukwenza itiye emahhovisi enkampani yomshwalensi edolobheni. Uyise washona yena esanda kuzalwa. Nakuba wayesafunda kodwa wayengaseyona ingane kangako kanti naye uBonisiwe kwase kumfanele ukuthi ayoshaya impempe emzini wakhe.

USicelo wamtshela unina ukuthi ekupheleni kwalowo nyaka wayezimisele ukuba amtholele umalokazana. Nakuba unina kaSicelo wayengenayo ingane yentombazane emsizayo akazange awamukele umbono kaSicelo. Wakhala ngokuthi uSicelo akanayo imali yokulobola njengoba wayengakaqali ukusebenza. Wazama ukuchaza uSicelo ukuthi impilo yayizoba nzima ngonyaka olandelayo ngoba bonke babezobe besebenza. Isalukazi sagcina ngokuthi uma eqinisa ikhanda kuyodingeka ukuba azibonele yena ukuthi imali yelobolo uyoyithathaphi. Sathi izintombi lezi azibaleki, noma engahlala iminyaka eyishumi uyoyithola imlindele eyakhe. Lokho kwamphatha kabuhlungu uSicelo ngoba yena wayengenandaba nezintombi, wayebona intombi eyodwa kuphela ebalulekile empilweni yakhe, uBonisiwe.

Okunye okwakuphoqa uSicelo ukuba aphange umdaka ukuthi unina kaBonisiwe wayesemazi. Ngolunye usuku wahlangana naye endleleni eya esitolo. Lesi salukazi sasinonya singanqikazi nokumshaya osekhulile njengoSicelo. Samtshela uSicelo ukuthi asisona isalukazi esijabulela abazukulu abangenamizi. Samethuka simtshela ukuthi asinangane okungadlalwa ngayo sibhekile. USicelo waxolisa wathembisa ukuthi yena wayengeke adlale noBonisiwe.

Unina kaBonisiwe wayesho eqinisile uma ethi yena akabajabuleli abazukulu abanawoyise abangaziwa. Udadewabo kaBonisiwe wathola isifundo ngokuthola ingane esafunda wayeselahlekelwe yizifundo ezimbili zokuqala njalo ngoba wayefanele ukuphelezela ingane enkulisa. Isalukazi sasingavumi nokuyibamba ngezandla sithi isikhathi saso sokukhulisa izingane sase sidlulile. Uyise wengane waze wakhuluma nabazali bakhe bayilanda ingane. Ekugcineni babona ukuthi kungcono balande nonina. Kwaba ukulotsholwa kwakhe udadewabo kaBonisiwe.

Empeleni kwakuwuthando olwaluphoqa uSicelo ukuba abone sengathi uBonisiwe bazomhlwitha angaphinde amthole uma engalibala. Bonke ababefunda noSicelo babekwazi ukuthi yena noBonisiwe babengamathe nolimi. Wawungezwa omunye ethi: "Ngifuna uBoniswe uma ngingathola uSicelo uzongitshela ukuthi ukuphi." Nofuna uSicelo wayekhuluma kanjalo. Abanye abafana base bemhleka uSicelo bethi ubambelele entombini eyodwa ngoba uyisigwadi. Njalo uma izifundo zosuku seziphelile wawungathola uSicelo ehlezi egcekeni lekolishi epholisha izicathulo zikaBonisiwe. Unina kaSicelo wayeyithanda indodana yakhe ngoba yayingavilaphi. NgeMigqibelo wayesebenza esiza abantu abangenasikhathi sokusika utshani emagcekeni abo. Yikho nje wayengahluphi unina ngemadlana yephakethe. Yiyo futhi leyo mali eyayimsiza ukuthenga izinto ezincane njengamasokisi.

IMIBUZO

1.1.1 Yini le eyabangela uSicelo ukuba abe khona nakanjani emshadweni kaThuthuka? (2)

1.1.2 Nika izizathu EZIMBILI ezazingenza uSicelo angasheshi ukuthatha noma ngabe wayethanda kangakanani. (2)

1.1.3 Ngokubona kwakho ngabe kwakufanele yini ukuba unina kaSicelo amenqabele uSicelo uma ethi usefuna ukuthatha? Sekela impendulo yakho. (3)

1.1.4 Chaza ukuthi igama ukuthatha liqondani ngokwalo musho. USicelo wayesezilungiselele ukuthatha. (2)

1.1.5 Kwakubangelwa yini ukuthi isalukazi esingunina kaBonisiwe kube sengathi sasinonya? (3)

1.1.6 Ngabe iqiniso noma umbono ukuthi uma intombazane ethola umntwana ingakasiqedi isikole iyona elahlekelwayo kunomfana? Sekela impendulo yakho. (3)

1.1.7 Ngabe igama "isigwadi" ababebiza ngalo uSicelo lalifanele? Sekela impendulo yakho. (2)

1.1.8 Chaza lesi simo sokukhuluma njengoba sivela esiqeshini – "babengamathe nolimi". (2)

1.2 Bukisisisa lo mdwebo ongezansi bese uphendula imibuzo ngawo.

1.2.1 Esithombeni A yini efakazela ukuthi lo mlisa usebenzisa insangu? (2)

1.2.2 Kungani esithombeni D (inkonzo yetiye) ingane iphethe imvubu? (2)

1.2.3 Kuveza mqondo muni ukuthi indoda enkulu iphuze ebhodleleni elincane bese kuthi umuntu omncane akotele ebhodleleni elikhulu? (2)

1.2.4 Kunikeza umqondo muni ukukotela kwalo muntu ebhodleleni lotshwala? (2)

1.2.5 Phakathi kwenkonzo yotshwala, eyesiqatha, eyemgwinyo kanye neyensangu, ucabanga ukuthi iyiphi elimaza kakhulu impilo yomuntu? Nikeza isizathu sempendulo yakho. (3)

AMAMAKI ESIQEPHU A: 30

ISIQEPHU B: UKUFINGQA

UMBUZO 2

Fundisisa lesi siqeshana esilandelayo bese usifingqa ngamagama akho aphakathi kwangama-60 kuya kwangama-70.

Impilo yobudlwembe nokudlebeleka umuntu imfaka ebunzimeni obumosibekela kube lukhuni ukuphuma aze afise ukuthatha impilo yakhe ngezakhe izandla. Impilo esheshayo yokuhamba uthungathana notshwala nezidakamizwa ayikhethi mntakabani. Kuyaye kudale ukudideka uma ubona umuntu obucabanga ukuthi usemafutheni esengene wagamanxa kulolu hlobo lwempilo.

Umuntu ubumazi ehamba ngemoto yohlobo oluphambili. Umuntu obegqoka izingubo ezinamagama aphambili alengise imigexo engatholakali ezitolo ezijwayelekile ungemcabangele ukuthi atholakale esewe ngalolu hlobo. Empilweni kuyaziwa ukuthi umuntu nomuntu uhlala efuna impilo entofontofo. Onjani umuntu othi uma eseyitholile abuye agijimele lokho okuzomenza ukuba axove udaka? Umuntu osecwile ezidakamizweni usuke engasabuboni ubuhle bokungaphili leyo mpilo, kangangokuthi akabalaleli labo abamvusayo. Bembonisa ngobungozi azifake kubo.

Izidakamizwa ziyingozi empilweni yomuntu ngoba zikumunca umzimba, bese umuntu azithole esegqoka izingubo ezincane kunakuqala. Lokhu kusho ukushintsha izimpahla zokugqoka. Uma kade ugqoka izimpahla ezibiza kakhulu ubonakala kalula ukuthi awusenayo imali. Ababekumonazela usemi kahle bayasizakala.

Baphuza ngawe amatiye. Bahlale ngawe emashibhini, bangazisweli izindaba abangachitha ngazo isizungu. Kwala ngisho labo ababezuza ngandlela thize, bayaqhela, banyamalale wena owabona amazolo ebalekela ilanga. Njengabantu ebebe sondele kuwe, kuba yibona abakhuluma kakhulu ngawe ngoba bazi zonke izindaba zakho. Ubani ongazisondeza nomuntu osefana nawe?

Uma ungumuntu wesifazane usuke usuzimbobombobo emzimbeni wonke lapho wawufaka khona amacici. Phela ugcina usuwadayise wonke ufuna imali yokuphila. Isimo uma sesinje singamcabangisa omunye umuntu ukuba azilengise. Onenhlanhla nonesibindi uphindela emuva ezihlotsheni nakulabo acabanga ukuthi bangamnika usizo ayozikhalela, ahlambuluke. Ukuhlambuluka kufuna ukuba lowo owenza kanjalo akhiphe ingonyuluka kungabibikho akugodlayo. Kuyinto engandela bani ukuvuma izono. Bambalwa abantu abakwazi ukuba batshele omunye umuntu, ikakhulukazi uma isimo sesinje ukuthi nginjenjenje ukwehluleka kwami, uqobo lwami ukubona okufanele nokungafanele ngikwenze. Abuye futhi akwazi ukulibeka ngembaba ukuthi wenziwa ukulalela abangani. Kuba lukhuni kakhulu uma lowo muntu engumzali. Lolu hlobo lwempilo osuke usuluphila luba nomthelela omubi ezinganeni zakho.

AMAMAKI ESIQEPHU B: 10

WESTERN CAPE

ISIQEPHU C: UHLELO NOKUSETSHENZISWA KOLIMI

UMBUZO 3

3.1 Fundisisa lesi siqeshana bese uphendula imibuzo elandelayo.

> Ngithi angisike elijikayo ngesimo esingesihle engisibona sidlondlobala ikakhulu kulabo abathandanayo. Lesi simo sidalwa ukuba nezimfihlo nokungamethembi umuntu wakho. Kumele sibonisane ngezinto ezibeka ubudlelwane bethu engcupheni.
>
> Isimininingi imishado echithekile ngenxa yeselula. Imbangela yalokhu kube ukuphendula ucingo lomuntu wakho noma ufunde imiyalezo yakhe. Mina kangiboni icala kulokho ngoba uma umthanda ngempela umuntu uyaye uthande ukuba nethembane futhi awubi nezimfihlo.

3.1.1 Igama elithi **engcupheni** elikulesi siqeshana ngabe lichazani kulokhu?

Khetha kube kunye:

(i) indawo
(ii) Isimo (1)

3.1.2 Nika igama ELILODWA elisho lawa: Umuntu wakho. (1)

3.1.3 Sebenzisa isimo sokukhuluma esithi: "Angisike elijikayo", emshweni ukuze kuvele incazelo yaso. (2)

3.1.4 Funda le misho elandelayo bese uveza umehluko ovela emagameni adwetshelwe.

(i) Imishado eminingi <u>ichithekile</u>. (1)
(ii) Itiye likamama <u>lichithekile</u>. (1)

3.1.5 Ngabe igama "iselula" libolekwe kuluphi ulimi? Phinda unike igama leselula ngolimi lwesiZulu. (2)

3.2 Fundisisa incazelo yaleli gama "beletha" njengoba lichaziwe bese uphendula imibuzo:

- Beletha – (isenzo)
  Kusho ukubeka ingane emhlane bese uyibamba ngembeleko noma nganoma yini ezokwenza ingawi emhlane.
- Belethisa – (is-)ukwenzisa
  Ukulekelela lowo osuke ethole umntwana ukuba abelethe.
- Beleth(-ana) – impambosi yokwenzana
  Ukusondelana kwezinto/ukwenza into isikhathi eside.
- Beletha izithende – (isisho)
  Ukubaleka.
- Umbelethisi
  Umuntu obelethisayo

3.2.1 Sebenzisa igama "beletha" emshweni liveze isisho/isifenqo. (2)

3.2.2 Igama "beletha" lingaphinyiswa ngendlela efanayo kodwa linganiki incazelo efanayo. Nika enye incazelo enganikwa yileli gama bese ulisebenzisa emshweni. (3)
[13]

UMBUZO 4

4.1 Fundisisa lo musho omagatsha bese uphendula imibuzo elandelayo.

Amandla ale femu edume umhlaba wonke aphelile ngenxa yesiteleka esidonse amasonto amabili agcwele ngaphandle kokuqhamuka nesixazululo.

(i) Khipha umusho omkhulu (2)
(ii) Khipha umushwana oncikile ochazayo (2)
(iii) Khipha umushwana okhanyisayo oveza inkathi (2)

4.2 Fundisisa lesi siqeshana esilandelayo bese uphendula imibuzo.

Sakhuliswa umkhulu nogogo endaweni yasemoba. Safika lapha singabantwana abancane njengoba sesikhule kangaka. Umkhulu wayesifundise kahle ukuthi intombazane ayilali kuze kuphume ilanga ngoba iyolala nasemzini. Okudabukisayo ukuthi bona abasekho ukuze badle izinyoni zabantwana babo.

4.2.1 Ngabe lezi zakhi ezidwetshelwe kulo musho olandelayo zisebenze kanjani?

Sakhuliswa umkhulu nogogo endaweni yaseMoba. (2)

4.2.2 Qalisa lo musho olandelayo ngo**menziwa.**

Umkhulu usifundise ukuthi intombazane ayilali kuze kuphume ilanga. (2)

4.2.3 Nika umsebenzi wamagama adwetshelwe kulo musho olandelayo.

Sifike lapha singabantwana <u>abancane</u> njengoba sesikhule <u>kangaka</u>. (2)

4.2.4 Lungisa lo musho olandelayo okhona esiqeshini ngokubhala izimpawu ezifanele:

Sakhuliswa umkhulu nogogo endaweni yasemoba. (1)
[13]

UMBUZO 5

Fundisisa lesi sikhangisi bese uphendula le mibuzo:

SEKUNJALO MPHAKATHI

WASENDUMO NASEMBANGWENI

Isigungu soNgqongqoshe KwaZulu-Natali sesiphothulile ukucubungula isikhalazo somphakathi waseMbangweni naseBhekabantu esimayelana nesiqiwi iNdumo Game Reserve. Ukuxazulula le nkinga uhulumeni usethathe isinqumo sokuletha intuthuko ukuhlangabezana nezikhalazo zomphakathi kanye nokwenza ngcono izimpilo zabantu.

USUKU: 18 Disemba 2008
INDAWO: Skemelele Sports Ground
ISIKHATHI: 09:00 (ekuseni)

5.1 Kungani la magama esihloko ebhalwe ngefonti ehlukile kwamanye?

SEKUNJALO MPHAKATHI WASENDUMO NASEMBANGWENI. (1)

5.2 Igama **sekunjalo** kulesi sikhangisi ligudlisela liphi igama? (1)

5.3 Yikuphi okubalulekile okudluliswa yilesi sikhangisi? (2)
[4]

AMAMAKI ESIQEPHU C: 30

AMAMAKI ESEWONKE: 70

WESTERN CAPE